




## Tips for reading stories

Reading stories to children is a great bonding as well as educational activity. But did you know that there are other simple things you can do that help increase what children learn from the stories you share with them? Here are some activity ideas. Try out one at a time. See which ones work best for you and your children.



### WHILE READING

- ★ As you read, develop your children's **prediction skills** by asking, "What do you think will happen next?" at some parts of the story.
- ★ Encourage children to **express their feelings** and get them **thinking** and **problem solving** by asking questions like, "How would you feel if that were you?", "Do you think that was the right thing to say/do?" and "What would you have said/done if it were you?"
- ★ Ask your children to look closely at particular details in the **pictures**. Let them count, describe, identify or interpret what they see in the pictures.



### AFTER READING

- ★ Together **sing a song** or **say a rhyme** linked to the story.
- ★ Encourage your children to **review** the story by asking them what they liked about it and if there is anything they wished was different.
- ★ Invite children to **draw a picture** of the part of the story they liked the best. If they want to draw something that moves away from the storyline, like a new ending, or if they want to draw themselves as characters, encourage this too!
- ★ **Act out** the story – or part of it – together. Or, just dress up and pretend to be the story characters for an hour or two!
- ★ Get your children **writing**! Let them write a letter to one of the characters. Or, suggest that they write a story of their own that is inspired by the story you have read.



Do you need more advice on reading aloud to children? You can find lots of ideas and guidance in our **"How to guides"** in the **"Storytelling"** section of the Nalibali website – [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Ngabe udinga iseluleko esengeziwe ngokufundela izingane kuzwakale? Ungathola amasu neziqondiso eziningi kuma-**"How to guides"** ethu engxenyeni ethi **"Storytelling"** yesizindalwazi sikaNalibali – [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Drive your  
imagination



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.

## Amacebo okufunda izindaba

Ukufundela izingane izindaba kudala ukuxhumana okuhle nazo futhi kungumsebenzi osekela imfundo. Kodwa-ke uthi ubuwazi ukuthi zikhona ezinye izinto ezilula ongazenza ukukhulisa lokho izingane ezikufundayo ezindabeni owabelana ngazo nazo? Nayi eminye imibono yemisebenzi. Zama owodwa ngesikhathi ngasinye. Bona ukuthi yimiphi esebenza kahle kakhulu kuwe kanye nezingane zakho.

### NGESIKHATHI SOKUFUNDA

- ★ Ngesikhathi ufunda, thuthukisa **amakhono okuqagula** ezingane zakho ngokubuzwa ukuthi, "Nicabanga ukuthi yini ezokwenzeka elandelayo?" ezingxenyeni ezithile zendaba.
- ★ Gqugquzela izingane ukuthi **zizwakalise imizwa yazo** futhi uzenze **zicabange** futhi **zixazulule izinkinga** ngokubuzwa imibuzo efana nokuthi, "Ubuzophatheka kanjani ukuba bekunguwe?", "Ucabanga ukuthi lokho bekuyinto efanele yini ukuthi ishiwo/yenziwe?" kanye nokuthi "Ubuzothini/ubuzokwenzani ukuba bekunguwe?"
- ★ Cela izingane zakho ukuba zibhekisise imininingwane ethile **ezithombeni**. Mazibale, zichaze, zihlonze noma zihumushe lokho ezikubonayo ezithombeni.

### NGEMUVA KOKUFUNDA

- ★ Nindawonye **culani iculo** noma **nisho umlozelo** oxhumene nendaba.
- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi **zihlaziye** indaba ngokuzibuza ukuthi yini ezikuthandile ngayo nokuthi kukhona yini ezifisa ukuthi ngabe bekwehlukile.
- ★ Mema izingane ukuthi **zidwebe isithombe** sengxenywe yendaba eziyithande kakhulu ngempela. Uma ngabe zifuna ukudweba into ethile eqhelelene nezigigaba zendaba, njengesiphetho esisha, okukanye uma zifuna ukuzidweba zona uqobo njengabalingiswa, kukhuthaze nalokhu!

- ★ **Lingisani** indaba – noma ingxenywe yayo – nindawonye. Noma-ke, nivele nigaqoke nizenze abalingiswa bendaba isikhathi esiyihora noma amabili!
- ★ Yenza izingane zakho **zibhale**! Mazibhale incwadi eya komunye wabalingiswa. Noma-ke, phakamisa ukuthi zizibhalele eyazo indaba egqugquzelwe yindaba oyifundile.



# Celebrate friendship

International Day of Friendship is celebrated each year on 30 July. Encourage your children to use reading and writing to explore the importance of friends. Here are some activity ideas.

1. Read and tell stories which have friendship as a theme.

1. Funda ubuye uxoxe izindaba indikimba yazo okungubungani.

2. Make a string of paper dolls and then write one thing that makes a good friend on each doll. (If your children need help with writing, write down the words they suggest for them.) Colour each doll a different colour.

2. Yenza uhele lonodoli bamaphepha bese ubhala into eyenza umngani omuhle kunodoli ngamunye. (Uma ngabe izingane zakho zidinga usizo ngokubhala, zibhalele phansi amagama eziwaphakamisayo.) Faka umbala owehlukile kunodoli ngamunye.

5. On a large sheet of thin cardboard, write why you like your friend. Draw some pictures of things that you know your friend likes, and/or paste pictures of things that you enjoy doing together. Cut the completed cardboard sheet into about eight puzzle pieces. Put them into a box or bag and give them to your friend to put together.

5. Esiqeshini esikhulu sekhadibhodi esinohlonze olungelukhulu, bhala ukuthi kungani umthanda umngani wakho. Dweba izithombe zezinto owaziyo ukuthi umngani wakho uzikhonzile, bese/noma unamathisela izithombe zezinto enithokozela ukuzenza ndawonye. Sika isiqephu sekhadibhodi esigcwalisiwe sibe yiphazili elineziquphu eziyisishiyagalombili. Zifake ebhokisini noma esikhwameni bese uzinikeza umngani wakho ukuthi azibeke ndawonye.

6. Write a poem about friends! On a separate sheet of paper, write down all the words or phrases you think of when you hear the word, "friends". Circle the words or phrases you want to use in your poem. Now write your poem using these words. Add in any other words you need to complete your poem. Give your poem a title. Read your poem aloud!



6.

6. Bhala inkondlo ngabangani! Kwesinye isiqephu sephepha, bhala phansi wonke amagama noma amadlanzana amagama owacabangayo uma uzwa igama elithi, "abangani". Kokelezela amagama noma amadlanzana amagama ofuna ukuwasebenzisa enkondlweni yakho. Manje-ke bhala inkondlo yakho usebenzisa la magama. Yengeza noma yimaphi amanye amagama owadingayo ukuqedela inkondlo yakho. Nikeza inkondlo yakho isihloko. Funda inkondlo yakho kuzwakale!



# Bungaza ubungani

USuku Lwezizwe Ngezizwe Lobungani lubungazwa njalo ngonyaka mhla zingama-30 kuNtulikazi. Khuthaza izingane zakho ukuthi zisebenzise ukufunda nokubhala ukuhlaziya ukubaluleka kwabangani. Nawa amanye amasu emisebenzi.

3. Make a Joy Jar for a friend. On strips of paper, write down things that will make a friend feel happy and loved. This could be a personal note, a joke, the name of a song your friend likes, or a reminder of something funny or exciting you did together. Fold up the strips and put them in a jar. Decorate the jar by covering it in paper and then drawing things on it.

3. Yenzela umngani uJoke Wenjabulo. Emidweshwini yamaphepha, bhala phansi izinto ezizokwenza umngani azizwe ethokozile futhi ethandwa. Lokhu kungaba ukuphawula kwakho uqobo, ihlaya, igama leculo umngani wakho alithandayo, noma isikhumbuzo sento ehlekisayo noma ethokozisayo enayenza ndawonye. Goqa imidweshu bese uyifaka esitsheni esisajike. Hlobisa isitsha esisajike ngokusemboza ngephepha bese udweba izinto kuso.



4. Buy a packet of plain biscuits, like Marie biscuits. Mix some icing sugar with water in a few bowls. (Make sure the mixture is quite stiff.) Add a different food colouring to each bowl. Use a teaspoon to dribble each letter of your friend's name onto a separate biscuit. If your friend has a short name, make flowers and hearts on some biscuits. Let the icing set. Then put the biscuits in a packet and close it by tying a ribbon around it. Give the biscuits to your friend on International Day of Friendship!

4. Thenga iphakethe lamabhisikidi anganongiwe, njengamaMarie. Xuba i-ayisingishuga namanzi ezitsheni ezimbalwa. (Yenza isiqinisekiso sokuthi ingxube iqinile impela.) Yengeza okokujika umbala okwehlukene esitsheni ngasinye. Sebenzisa ithisipuni ukuconsisela uhlamvu ngalunye lwegama lomngani wakho ebhisikidini elehlukile. Uma ngabe umngani wakho enegama elifushane, yenza izimbali nezinhliziyo emabhisikidini athile. Yeka i-ayisingishuga iqine. Emva kwalokho faka amabhisikidi ephaketheni bese ulivala ngokulizungeza ngeribhini. Nikeza umngani wakho la mabhisikidi ngoSuku Lwezizwe Ngezizwe Lobungani!



Drive your imagination



## Collect the Nal'ibali characters



## Qoqa abalingiswa bakwaNal'ibali

Cut out and keep all your favourite Nal'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

Sika ukhiphe bese ugcina bonke abalingiswa obakhonzile bakwaNal'ibali bese ubasebenzisa ukuzakhela izithombe, amaphosta, izindaba noma yini-ke okunye ongakucabanga okungokwakho!

### About Neo

Age: 8

**Family members:** Mbali is his sister; Afrika and Dintle are his cousins; Gogo is his grandmother

**Friends:** Josh, Bella, Priya, Hope

**Favourite colour:** red

**Favourite snack:** ice cream

**Likes stories about:** adventures and pirates



### Here's an idea ...

- ✂ Cut out and colour in the picture of Neo and then paste it on a large sheet of paper. Then do one or more of the following things.
- 🕒 Write a title on the front cover of the book Neo is reading and then draw a picture below the title.
- 🕒 Complete the picture to show where Neo is sitting and reading!
- ✂ Keep the picture in a safe place and when you have collected all the Nal'ibali characters, use them to create your own Nal'ibali poster!

### Mayelana noNeo

Ubudala: 8

**Amalungu omndeni:** uMbali ngudadewabo; u-Afrika noDintle ngabazala bakhe; uGogo wuninakhulu

**Abangani:** uJosh, Bella, uPriya, uHope

**Umbala awuthandayo:** obomvu

**Isnekhi asithandayo:** u-ayisikhilimu

**Uthanda izindaba ezimayelana:** nezinkambo kanye nezigezige zasolwandle

### Nawu umbono ...

- ✂ Sika ukhiphe bese ufaka umbala esithombeni sikaNeo bese usinamathisela esiqeshini esikhulu sephepha. Emva kwalokho yenza okukodwa noma ngaphezulu kulezi zinto ezilandelayo.
- 🕒 Bhala isihloko ekhaveni engaphambili encwadi efundwa nguNeo bese udweba isithombe ngaphansi kwesihloko.
- 🕒 Qedela isithombe ukuze ukhombise lapho uNeo ehlezi efunda khona!
- ✂ Gcina isithombe endaweni ephephile kuthi uma usuqoqe bonke abalingiswa bakwaNal'ibali, ubasebenzise ukuzenzela eyakho iphosta yakwaNal'ibali!

## Are you a FUNda Leader?

FUNda Leaders are everyday heroes who believe in the power that literacy has to shape children's lives – and they are spreading the message across South Africa! These literacy foot soldiers are taking action wherever they are and in whatever ways they can to bring stories and books to children. Nal'ibali's FUNda Leaders are bringing change to the reading landscape in both big and small ways. These volunteers are being the change they want to see! They are sparking change in communities across South Africa.

### Where can I find out more?

Go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) to find out more about the FUNda Leader Programme. You'll also find our special FUNda Leader Kick-off Kit on our website. It's filled with ideas about how you can help to get South Africa reading. Download it today and get started!

### How do I become a FUNda Leader?

Joining the FUNda Leader Network is easy! There are two ways in which you can sign up:

- ★ On the Nal'ibali website – [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).
- ★ By phoning our call centre – 02 11 80 40 80.



**FUNda**  
LEADER

## Ngabe uyiFUNda Leader?

AmaFUNda Leader ngamaqhawe ansuku zonke akholelwa emandleni okuthi ukufunda nokubhala kumele abumbe impilo yezingane – futhi asabalalisa umyalezo eNingizimu Afrika yonkana! La masosha ahamba ngezinyawo okufunda nokubhala enza umyakazo noma yikuphi lapho ekhona futhi nganoma yiziphi izindlela angazenza ukuletha izindaba nezincwadi ezinganeni. AmaFUNda Leader kaNal'ibali aletha uguquko emhlabeni wokufunda ngazo zombili izindlela ezinkulu nezincane. Laba abasebenza ngokuzithandela baba wuguquko abafuna ukulubona! Bokhela inhlanganisela yoguquko emiphakathini eNingizimu Afrika yonkana.

### Ngingakuthola kuphi okwengeziwe?

Hamba ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ukuthola okwengeziwe mayelana noHlelo lweFUNda Leader. Uzophinde uthole iFUNda Leader Ikhihi Yokuqalisa kusizindalwazi sethu. Igcelele amasu ngokuthi ungasiza kanjani ukuthi iNingizimu Afrika ifunde. Ikhiphe namuhla bese uyayala njalo!

### Ngenza kanjani ukuze ngibe yiFUNda Leader?

Ukuhlanyanisa kuFUNda Leader Network kulula! Kukhona izindlela ezimbili ongabhalisa ngazo:

- ★ Kusizindalwazi sakwaNal'ibali – [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).
- ★ Ngokushayela izindaba sethu sezingcingo – 02 11 80 40 80.



Drive your imagination




## Nal'ibali news

Nal'ibali has teamed up with Clowns Without Borders South Africa to put on a series of free literacy-focused shows at libraries in the Eastern Cape, KwaZulu-Natal, Gauteng and Limpopo. These shows – running from March to October 2019 – aim to encourage communities to see their local libraries as exciting places for people of all ages.

Clowns Without Borders South Africa uses creative ways to raise awareness around social development issues and to spread joy. To date, it has reached nearly half a million children and their caregivers. When talking about the importance of getting children and adults excited about libraries, Suzan Eriksson, the Development Director at Clowns Without Borders, says, "Our experience shows us that the performing arts can be used to mobilise children and families in very effective ways."

The shows encourage families to visit their local libraries, to borrow books responsibly and to sign up for library cards. As part of this initiative, Nal'ibali is offering free training and resources to librarians who are interested in running reading clubs at their libraries. "Children need safe, welcoming spaces where they can make choices about the kinds of stories they want to explore, and Nal'ibali is committed to helping them do this," says Jade Jacobsohn, Managing Director of The Nal'ibali Trust. "We want people to discover storytelling in exciting, meaningful ways."

Libraries have a vital role to play in bringing about a reading revolution in South Africa. Research shows that children who read for pleasure, do better at school. But books are an expensive and scarce resource in our country. Libraries offer children and adults reading material for free – and you can visit them as often as you like!



Actors from Clowns Without Borders South Africa performing in their show in KwaZulu-Natal.

Abalingisi abaphuma kwa-Clowns Without Borders South Africa belingisa embukisweni KwaZulu-Natali.


## Izindaba zikaNal'ibali

UNal'ibali uhlangene nabakwa-Clowns Without Borders South Africa ukwenza uchungechunge lwemibukiso yamahhala eqondene nokufunda nokubhala emitatsheni yezincwadi eMpumalanga Koloni, KwaZulu-Natali, eGauteng naseLimpopo. Le mibukiso – ezoba khona ukusuka ngoNdasakuya kuMfumfu wezi-2019 – ihlose ukukhuthaza imiphakathi ukuthi ibone imitapo yezincwadi eseduze njengezindawo ezijabulisayo zabantu baminyaka yonke yobudala.

Abakwa-Clowns Without Borders South Africa basebenzisa izindlela zobuchule zokusungula ukuqwashisa ngezinto ezithinta ukuthuthuka kwezokuhlalisana kanye nokusabalalisa injabulo. Kuze kube manje, sebefinyelele cishe engxenyeni yesigidi sezingane kanye nabanakekeli bazo. Lapho ekhuluma ngokubaluleka kokwenza izingane nabadala bajabulele imitapo yezincwadi, uSuzan Eriksson, uMqondisi Wezentuthuko kwa-Clowns Without Borders, uthi, "Ulwazi lwethu lusikhombisa ukuthi ezobuciko ezinokulingisa zingasetshenziswa ukuhlanganisa izingane nemindeni ngezindlela ezinempumelelo enkulu."

Imibukiso ikhuthaza imindeni ukuthi ivakashele imitapo yezincwadi yayo eseduze, ukweboleka izincwadi ngokuqikelela kanye nokubhalisela amakhadi omtapo yezincwadi. Njengengxenyi yalolu hlelo, uNal'ibali unikezela ngokuqeqeshwa kwamahhala nezinsiza kosomtapo abanentshisekelo yokuphatha amathimba okufunda emitatsheni yabo yezincwadi. "Izingane zidinga izindawo eziphephile, ezamukelanayo lapho zikwazi khona ukukhetha mayelana nezinhlobo zezindaba ezifuna ukuzihlaziya, futhi uNal'ibali uzinikele ukuzisiza ukwenza lokhu," kusho uJade Jacobsohn, uMqondisi onguMphathi we-Nal'ibali Trust. "Sifuna ukuba abantu bathole ukuxoxa izindaba ngezindlela ezijabulisayo neziphusileyo."

Imitapo yezincwadi ineqhaza elibalulekile elibambayo ekuletheni inguquko enamandla yokufunda eNingizimu Afrika. Ucwangingo lukhombisa ukuthi izingane ezifundela ukuthokoza, zenza kangcono esikoleni. Kodwa-ke izincwadi ziwumthombo omba eqolo noyivelakancane ezweni lethu. Imitapo yezincwadi inikezela ezinganeni nakwabadala izinto zokufunda mahhala – futhi ungade uyivakashela njengokuthanda kwakho!



Some of the children enjoying the show.

Ezinye zezingane zithokozela umbukiso.

### Create TWO cut-out-and-keep books

#### Joe

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

#### Ma Rosie's pig

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

#### UJoe


1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguqhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguqhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.

#### Ingulube kaMama uRosie

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa amaphepha abe nguqhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Asonge abe nguqhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.




... yadla noROSIE IMBALAI



... and ate ROSIE TOO!


Yadla isigqoko sikaRosie. Yadla esinye isicathulo  
esisodwa. Yakhamisa ...



He ate Rosie's hat. He ate up one shoe.  
Then opened his mouth ...



"Ma Rosie's pig" is one of ten stories specially written and illustrated for the *Sunday Times Storytime* book which was created for South African children. *Sunday Times Storytime* is available in English, Afrikaans, Sesotho, isiXhosa and isiZulu.



"Ingulube kaMama uRosie" ngenye kweziyishumi izincwadi zezindaba ezibhalwe zase zifakwa imifanekiso ngokukhethekile zenzelwa i-*Sunday Times Isikhathi sezinganekwane* eyasungulelwa izingane zaseNingizimu Afrika. I-*Sunday Times Isikhathi sezinganekwane* iyatholakala ngesiNgisi, ngesiBhunu, ngesiSuthu, ngesiXhosa nangesiZulu.

**Sunday Times**

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



**Drive your  
imagination**

## Ma Rosie's pig Ingulube kaMama uRosie



Wendy Hartmann  
Joan Rankin  
Busisiwe Pakade





Yalunguza egunjini yabona umbhede kaRosie,  
yase ihlola amahliphiphasi akhe, yadla wona.

He peered in a room and saw Rosie's bed,  
then spied her slippers and chomped those instead.


A man sold Ma Rosie a very nice pig.  
The pig was quite small. The pig was not big.

“I have a cat . . . and I have a mouse.  
Now I will have a pet pig in the house.”




Kunendoda eyadayisela uMama uRosie ingulube enhle.  
Le ngulube yayincane kakhulu. Yayingenkulu neze.

“Nginekati . . . bese ngiba negundane. Manje sengizoba  
nengulube eyisilwane esingumngani endlini.”



Yayisutshi kakhulu. KWAKUNGASEKHO NDAWO!  
His tummy was full. There was NO MORE ROOM!





BUT...he ate one more thing AND EXPLODED...  
KODWA...yadla enye into YASE IQHUMA...

Then put up a sign ...



Wase ebeka uphawu ...



The next thing he ate ...  
Well, what do you think?  
He swallowed the soap, the bath and the sink.

Into elandelayo eyayidla ...  
Ngabe ucabanga ukuthi yadlani?  
Yagwinya insipho, ubhavu nosinki.

“Watch out!” said the man. “I know he looks sweet, but all that pig does, is eat, eat and eat!”

“This pig will be fed twice every day,” said Mama Rosie as she walked away.

“Qaphela!” kusho indoda. “Ngiyazi ukuthi ibukeka izilungele, kodwa into le ngulube eyenzayo kuphela ukudla, idle, iphinde idle futhi!”

“Izophakelwa kabili ngosuku le ngulube,” kusho uMama uRosie ngesikhathi esuka ehamba.







... yadishizela ikhuphuka ngezitebhisi.

... then stomped up the stairs.

But when she got home and opened the gate, the pig took one look and that’s what he ate.

Kodwa wathi uma efika ekhaya evula isango, ingulube yabuka kanye yadla lokho ekubonayo.



Out popped Ma Rosie, the books and the gate and everything else that greedy pig ate. The soap and the slippers and Rosie’s one shoe. Also (thank goodness) the bath popped out too.

She cleaned up the mess.

Wahlanza konke ukungcola.



She washed cat and mouse.

Wageza ikati negundane.






imigqa emagligombe –

wiggly squiggly lines –



Imigqa eqondile,

Straight stripy lines,



namacasahazi amaningi ambalabala.

and lots of colourful dots.



unxantathu oliphezzi,

a yellow triangle,



We publish what we like

This is an adapted version of *Joe*, published as a box set of 4 stories, called, *Little Hands Books 4*, by Jacana Media and available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is available in isiZulu, isiXhosa, English, Afrikaans, Setswana, Sesotho, Sepedi, Siswati, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Lapha ibhalwe kabusha indaba ethi, *UJoe*, eyashicilelwa njengesethi yebhokisini yezindaba ezi-4 ezibizwa ngokuthi, *Izincwadi Zezandla Ezincanyana 4*, ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye nakusizindalwazi ekheleni elithi-[www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiZulu, ngesiXhosa, ngesiNgisi, ngesiBhunu, ngesiTswana, ngesiSuthu, ngesiPedi, ngesiSwati, ngesiTsonga, ngesiVenda nangesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku-[www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (South African rights only) Tel: 011 628 3200



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your imagination

Joe  
uJoe



Niki Daly






Joe's wonderful paintings.



imidwebo kaJoe emihle.



a blue circle,

Isikwele esibomvu,

A red square,



UJoe uyakuthanda ukupenda.

isiyingi esiluhlaza okwesibhakabhaka,





Kwaqhasha uMama uRosie, izincwadi nesango  
kanye nakho konke okwadiwa ingulube  
enomhobholo. Insipho namahliliphasi  
nesicathulo sikaRosie esisodwa. Futhi  
(sibonga nokuthi) kwaphuma nobhavu.




fixed curtains and books and polished the floors.  
walungisa amakhethini nezincwadi  
wakhazimulisa naphansi.



Yaququda izincwadi ...  
He crunched up the books ...




He gobbled the cat.  
Yamimilita ikati.



He slurped down the mouse.  
Yagwinya igundane.






Yadla wonke amakhethini, amatafula, nezihlalo.

He munched all the curtains, the tables, the chairs.



He chewed Rosie’s door and walked into the house.

Yadla umnyango kaRosie yase ingena endlini.



URosie wabantu wakhuhla izihlalo,

Poor Rosie scrubbed chairs,



wiped windows and doors,

wesula amafasitela nezicabha,



## Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Ma Rosie's pig* (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12), *Joe* (pages 9 and 10) and *The worst birthday ever* (page 14).



### Ma Rosie's pig

- Do you know other stories about pigs? Read them or tell them!
- Write a warning note that the man could have given Ma Rosie when he sold her the pig. What advice might he have given to help her look after the pig – and everything else? (Make sure that none of your suggestions would harm the pig or be unkind to it.) You could include some pictures to help explain your advice.
- Use recycled materials (like egg boxes, bottle tops, plastic bottles, cardboard boxes and cardboard toilet rolls) together with glue, paint and paper to create your own pig.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi ongayizama. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *Ingulube kaMama uRosie* (amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12), *UJoe* (amakhasi 9 nele-10) kanye nethi, *Usuku lokuzalwa olubi kunazo zonke* (ikhasi le-15).



### Ingulube kaMama uRosie

- Ngabe uyazazi ezinye izindaba ezimayelana nezingulube? Zifunde noma uzixoxe!
- Bhala umyalezo wesexwayiso indoda eyayingawunikeza uMama uRosie ngenkathi imthengisela ingulube. Yisiphi iseluleko eyayingase isinike ukumsiza akwazi ukunakekela ingulube – nakho konke okunye? (Qiniseka ukuthi akukho siphakamiso sakho esasizolimaza ingulube noma senze ukungalungi kuyo.) Ungahlanganisa izithombe ezithile ukusiza ukuchaza iseluleko sakho.
- Sebenzisa izinto ezigayelwe ukuphinde zisebenze (njengamabhokisana amaqanda, izivalo zamabhodlela, amabhodlela eplastiki, amabhokisi ekhadibhodi kanye namaroli ephepha lasendlini encane) kanye neglu, upende nephepha ukuze uzakhele eyakho ingulube.

### Joe

Look at Joe's paintings on pages 6 and 7. Can you find all the things that he painted on pages 3 to 5 in his paintings on pages 6 and 7? Now try drawing or painting your own pictures using the things on pages 3 to 5!



### UJoe

Bheka izithombe ezipendwe nguJoe ekhasini lesi-6 nelesi-7. Ungazithola zonke izinto azipendile emakhasini 3 kuya kwelesi-5 kwakupendile okusekhasini lesi-6 nelesi-7? Manje zama ukudweba noma ukupenda ezakho izithombe usebenzisa izinto ezisekhasini lesi-3 kuya kwelesi-5!



### The worst birthday ever

- On your own: Write your own real or imaginary story about an event in the past involving your friends or family members.
- With friends or family members: Pretend that it is a few years after the end of the story and you are helping Thando make a TV programme about her life. Write down the questions an interviewer might ask Thando, her mother and Santie about what happened in the story. For example, "Santie, how did you feel about living with your aunt and Thando?" Decide who will pretend to be the interviewers and the different characters from the story. Interview the characters using the questions you wrote together.



### Usuku lokuzalwa olubi kunazo zonke

- Wena ngokwakho: Bhala eyakho indaba eyiqiniso noma ecatshangiwe nje mayelana nesigameko sasesikhathini esedlule esibandakanya abangani bakho noma amalungu omndeni.
- Ukanye nabangani noma amalungu omndeni: Yenza sengathi sekuyiminyaka embalwa ngemva kokuphela kwendaba futhi usiza uThando ukwenza uhlelo lukamabonakude ngempilo yakhe. Bhala phansi imibuzo umbuzi angase ayibuze uThando, unina kanye noSantie ngokwenzekile endabeni. Ukwenza isibonelo, "Santie, wawuzizwa kanjani ngokuhlala no-mamncane wakho noThando?" Nquma ukuthi ngobani abazozenza abababuzi kanye nabalingiswa abehlukene abatholakala endabeni. Buza abalingiswa usebenzisa imibuzo eniyibhale ndawonye.



Drive your imagination





# The worst birthday ever

By Zukiswa Wanner ■ Illustrations by Magriet Brink



Hi, my name is Thando. That's isiZulu for love. My mama says it is because she loves me so much. I live with my mum, my cousin Santie, and my aunt Sallie. Santie and her mum just moved into our place two weeks ago. Auntie Sallie is my mum's younger sister. This is the first time I have met her because I overheard Gogo saying her husband did not want her to visit us. They used to live in Mpumalanga before moving to Johannesburg to stay with us. Mum says Auntie Sallie had domestic issues so they had to come and stay with us. She never told me what the domestic issues were.

Santie is the same age as me. Well, no actually, I am four months older.

"Three months and twenty days!" Santie yells out.

"That's four months either way, silly," I say.

"No, it isn't!" she answers back.

As you can see Santie is very argumentative. I do not know why she likes to argue. It's not even her house. So, as I was saying, and I need to whisper this so she doesn't interrupt, "I am four months older than her."

Today is Santie's 11th birthday. My mum says she is going to make it special. Auntie Sallie will be working this evening. She just started waiting on tables at a restaurant in Sandton and could not get a night off. So my mum is taking us to the movies to watch *Jack of the Bushveld*.

I hope it will be fun. We cannot wait. Or rather, I cannot wait. Today has not been fun so far. Anytime I want to play a game and Santie wants to play something else, we have to do what she wants. My mum says I have to play what Santie wants because it is her birthday. I have tried to suggest playing something else, but Santie always screams so that my mum can hear, "But it's my birthday!" I hope next time she has a birthday, she is not here.

After we have had a bath and it is almost time to go to the movies, Mum says she has a present for Santie and me. She has bought us dresses and shoes to wear to the movies. She says it is so that we can look like ladies. That is so lame. Like, why didn't she buy us jeans or something? Santie's dress is like mine, but it is red and mine is yellow. Then we both have the same pair of shoes except her pair is red and mine is yellow. I hate dresses. Santie loves dresses.

"Mum? We are eleven, not seven!" I say to Mum because I am embarrassed at the matching outfits.

My mum looks at me and says, "Wena, Thando, is that a way to say thank you? I will take that dress back to the shop and you will not go to the movies with us. Why can't you be polite like Santie and just say thank you?"

So I say, "Thank you," under my breath.

My mum looks at me and says, "I didn't hear you."

And I say again loudly, "I said THANK YOU."



"That's better. Now go and change," she says. I see Santie smiling and pulling her tongue at me behind my mum's back. I wish I could pinch her. She is so annoying.

We finish dressing up. I really hate this dress, and my mum says, "Let's go girls." We follow her.

When we get in the taxi to go to the movies, the taxi driver says, "What beautiful daughters you have, Madam." So I smile although I know I am better looking than Santie. But then I get upset because he asks my mother, "Are they twins?"

And just as I am about to say no, we are just cousins, my mum says, "No, they are just sisters." She is not my sister. She is my cousin!

We get to the movies and I hope I do not see anyone I know from my school.

And then it happens.

As we are waiting for my mum to buy tickets, I see this cute boy that I like in my class. Siya is walking with his best friend Sam and also going into the movies.

He says to me, "Well hello, Thando, aren't you too old to be dressed in matching outfits?"

You see what I mean? I wish the floor could just open up and swallow me.

"What's that to you? You are just a stupid boy who does not know fashion!" Santie answers.

OMG, why did she do that?

"Yes, whatever, Thando's 'twin'," he says and both he and Sam high five each other and start laughing while pointing at us.

I nudge Santie and say, "What is wrong with you? Why did you have to do that?"

"He was being mean to you. I was just helping you," she answers.

"Thanks a lot! I did not ask for your help. Siya is the cutest guy in my class and now I will be the class joke," I say angrily.

"Is he your boyfriend?" she says rolling her eyes.

"Of course not," I say. I wish he was my boyfriend, but now he will never be, thanks to her big mouth.

"Oh oh, Thando's got a boyfriend, Thando's got a boyfriend ..." she chants.

It is at that moment that my mum comes back and asks Santie, "What's that, Sweetie?"

And Santie says, "Nothing, Auntie. Thando and I were just joking."

And my mum says, "Okay," and hands each of us a box of popcorn, a soda and some Smarties.

"Thank you so much, Auntie, this is the best birthday ever," Santie says kissing my mum's cheek.

My mum smiles and says, "Oh darling, it's nothing. I promise to make next year even better."

Kill me now. This is the worst birthday ever. And it is not even my birthday. Also, Santie is going to be here next year?

When I grow up I want to be a documentary film maker. I am not sure exactly what they do, but a woman who came to our school said that she was one, and it sounded very cool. She said she records stories. So I am recording this story so that when Santie is grown up, she too will remember that this was the worst birthday ever!



Drive your  
imagination





# Usuku lokuzalwa olubi kunazo zonke



Ikhona  
lezindaba

**NguZukiswa Wanner** ■ **Imidwebho nguMagriet Brink** ■ **Ihunyushwe nguBusisiwe Pakade**

Sanibona, igama lami nginguThando. Umama wami uthi wangiamba ngalo ngoba engithanda kakhulu. Ngihlala nomama, umzala wami uSantie, nomamncane uSallie. USantie nonina basanda kufika ukuzohlala nathi emasontweni amabili adlule. Umamncane uSallie ungudadewabo omncane kamama. Ngayaqala ukuhlangana naye ngoba ngezwa uGogo ethi umyeni wakhe akafuni ukusivakashela. Babehlala eMpumalanga ngaphambi kokuthutha bazohlala nathi eGoli. Umama uthi uMamncane uSallie wayenezinkinga ekhaya ngakho kwadingeka ukuthi bazohlala nathi. Akazange angitshele ukuthi zaziyni lezo zinkinga zasekhaya.



Siyalingana ngeminyaka noSantie. Empeleni, hhayi kahle hle, ngimdala kuye ngezinyanga ezine.

"Izinyanga ezintathu nezinsuku ezingamashumi amabili!" kumemeza uSantie.

"Hhayi suka, kuyafana nje nezinyanga ezine," kusho mina.

"Cha, akufani!" kuphendula yena.

Njengoba ubona-ke uSantie uyathanda ukuphikisa abanye. Angazi ukuthi kungani ethanda kangaka ukuphikisana nabantu. Akusikho nakubo la. Njengoba bengisasho-ke, futhi kumele ngikuhlebeze lokhu ukuze angangiphazamisi, "Ngimdala kuye ngezinyanga ezine."

Namhlanje usuku lokuzalwa lukaSantie lweminyaka eyi-11. Umama uthi uzolwenza lube olwekhethe. Umamncane uSallie uzobe esebenza namhlanje ebusuku. Uqale ukusebenza njengoweta erestorenti yaseSandton futhi akakwazanga ukuthola ubusuku bekhefu. Ngakho umama usihambisa emamuvini siyobuka u-Jock of the Bushveld.

Ngiyethemba ukuthi kuzoba mnandi. Asisakwazi nokulinda. Mhlawumbe kungcono ngithi, angisakwazi ukulinda. Usuku lwanamhlanje alukaze lube mnandi kuze kube manje. Njalo uma ngifuna ukudlala umdlalo uSantie ufuna ukudlala enye into, kumele senze into efunwa uyena. Umama uthi kumele ngidlale lokho okufunwa uSantie ngoba usuku lwakhe lokuzalwa. Ngizamile ukucela ukuthi sidlale enye into, kodwa uSantie uvele amemezele ukuthi umama amuzwe, "Kodwa usuku lwami lokuzalwa!" Ngiyethemba ukuthi ngosuku lwakhe lokuzalwa oluzayo uzobe engasekho la.

Ngemuva kokuba sesiqede ukugeza futhi sekuzoshaya isikhathi sokuba siye kumamuvini, uMama uthi unesipho sami noSantie. Usithengele izingubo nezicathulo esizozigqoka kumamuvini. Uthi yikhona sizobukeka njengamaleti. Kwaze kwanzima bakwethu. Kodwa, kungani engazange asithengele amajini noma okunye? Ingubo kaSantie ifana neyami, kodwa yona ibomvu, bese eyami iba phuzi. Futhi sifake izicathulo ezifanayo, ukuthi nje ezakhe zibomvu bese ezami ziba phuzi. Ngizazizonda izingubo ezingamlokwe. USantie yena uyazithanda lezi zingubo.

"Mama? Sineminyaka eyishumi nanye, hhayi eyisikhombisa!" ngisho kumama ngoba nginamahloni ngalezi zingubo ezifanayo.

Umama uyangibuka bese ethi, "Wena, Thando, ngabe iyona ndlela obonga ngayo leyo? Ngizoyibuyisela esitolo ingubo ungabe usahamba nathi ukuya emamuvini. Kungani ungakhombisi nhlonipho njengoSantie, uthi uyabonga?"

Ngakho ngithi, "Ngiyabonga," ngingundaza.

Umama uyangibuka bese ethi, "Angikuzwanga."

Ngiyaphinda futhi ngisho kakhulu, "Ngithe NGIYABONGA."



"Kuzwakala kangcono-ke lokho. Hamba-ke uyoshintsha manje," kusho yena.

Ngibona uSantie emamatheka engikokozela engabonwa umama. Ngifisa sengathi ngingamncinza. Uyangidina.

Saqede ukugqoka. Ngizizonda ngempela le ngubo, umama bese ethi, "Asihambeni mantombazane." Siyamlandela.

Uma sesingena etekisini ukuze siye emamuvini, umshayeli wetekisi uthi, "Waze wanamadodakazi amahle, Nkosikazi." Ngibe sengimamatheka noma ngizazi ukuthi ngibukeka ngimuhle kunoSantie. Kodwa ngiyacasuka uma esebuzwa umama ukuthi, "Ngabe bangamawele yini?"

Kuthi lapho ngisathi ngizothi cha, singabazala nje, umama athi, "Cha, bangodade nje." Akayena kodwa udadewethu. Ungumzala wami!

Safika kumamuvini, kanti ngifisa ukuthi ngingaboni muntu engimazela esikoleni sami. Yenzeka indaba.

Ngesikhathi silinde umama esayothenga amathikithi, ngibona lo mfana omuhle engimthandayo osekilasini lami. USiya uhamba nomngani wakhe omkhulu uSam, nabo baya emuvini.

Uthi kimina, "Hawu sawubona Thando, uthi asenibadala kakhulu nje ukuthi ningagqoka izingubo ezifanayo?"

Uyayibona-ke le nto engiyishoyo? Ngifisa sengathi ngingathi mhlaba vuleka ngingene.

"Akudokwe eligayelwe wena lelo? Uyisiwula somfana ongazi lutho ngemfashini!" kuphendula uSantie.

Kodwa, Nkosi yami, ukwenzeleni lokhu?

"Yebo, akusizi noma ungathini 'wele' likaThando," usho kanjalo bese yena noSam beshayanisa izandla baqale ukuhleka besikhomba.

Ngikhukuze uSantie ngendololwane ngithi, "Yini inkinga yakho? Besikhona kodwa isidingo sale nto oyenzile?"

"Ubekugcona. Bengithi ngiyakusiza," kuphendula yena.

"Ngiyabonga kakhulu! Angizange ngilucele usizo lwakho. USiya ungumfana omuhle ukudlula bonke ekilasini lami, manje sengizoba inhlekisa yekilasi lonke," ngisho ngokuthukuthela.

"Ngabe uyisoka lakho?" esho engingqela amehlo akhe.

"Chabo," kusho mina. Ngifisa sengathi ngabe uyisoka lami, manje ngeke esaba yilo ngenxa yalo mlomo wakhe omkhulu.

"Ihe, uThando unesoka, uThando unesoka ..." kucula yena.

Umama ubuya ngaleso sikhathi bese ebuza uSantie, "Uthini, Sithandwa sami?"

USantie bese ethi, "Lutho, Mamkhulu. Besizincokolela nje noThando."

Umama uthi, "Kulungile-ke," bese esinikeza ngamunye ibhokisi lamaphophukhoni, isiphuzo esihlwahlwazayo nama-Smarties.

"Ngibonga kakhulu, Mamkhulu, lolu usuku lokuzalwa oludlula zonke," kusho uSantie eqabula umama esihlathini.

Umama uyamamatheka bese ethi, "Hhayi, sithandwa sami, akulutho nje lokhu. Ngithembisa ukwenza unyaka ozayo ube ngcono kakhulu."

Kuthi mangife. Lolusuku lokuzalwa olubi kunazo zonke. Futhi akulona nosuku lwami lokuzalwa. Kanti uSantie uzobe elapha futhi nangonyaka ozayo?

Uma sengimdala ngifuna ukuba ngumenzi wamafilimu angamadokhumentari. Anginaqiniso ukuthi benzani, kodwa owesifazane owayeze esikoleni wathi wenza lokhu, kanti kwakuzwakala kuyinto edlisayo. Wathi uqopha izindaba. Ngakho ngiqopha le ndaba ukuze athi lapho uSantie esekhulile, naye akhumbule ukuthi lolu kwakuwusuku lokuzalwa olubi kunazo zonke!



Drive your  
imagination

# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

1.

Follow the instructions to make a friendship card for a special friend.

- ⦿ Cut out the card along the red dotted line.
- ⦿ Fold the card along the black dotted line.
- ⦿ Glue the two parts together.
- ⦿ On the side with the picture, write a message to your friend. Colour in the picture.
- ⦿ On the other side, draw a picture of you and your friend together, or write a poem or a longer message.

Landela imiyalo yokwenzela umngani okhethekile ikhadi lobungani.


- ⦿ Sika ukhiphe ikhadi ulandela umugqa obomvu onamachashaza.
- ⦿ Songa ikhadi ulandele umugqa omnyama onamachashaza.
- ⦿ Namathisela izingxenye ezimbili ndawonye.
- ⦿ Ohlangothini olunesithombe, bhala umyalezo oya kumngani wakho. Faka umbala esithombeni.
- ⦿ Ngakolunye uhlangothi, dweba isithombe sakho nomngani wakho nindawonye, noma ubhale inkondlo noma umyalezo omudanyana.



2.

Neo has invited his friends to join him for a picnic! Help them find their way to the picnic.

UNeo umeme abangani bakhe ukuthi bahlanganyele naye ephikhinikhini! Basize bathole indlela eya ephikhinikhini.



Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on 02 11 80 40 80, or in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi 02 11 80 40 80, noma enye yalezi zindlela:



www.nalibali.org



www.nalibali.mobi



nalibaliSA



@nalibaliSA



@nalibaliSA



info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

**S**owetan  
IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your imagination

